

**Inkulumo kaNgqongqoshe wekuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha noKongiwa
kweMvelo ngesikhathi kugujwa i-Human Rights Day oPhongolo**

21 March 2019

**Mphathi wohlelo;
oNgqongqoshe bonke Khabhinethi yaKwaZulu-Natal;
Amalunga ePhalamende;
Izimeya zonke namaKhansela
Ubuholi bonke obukhona;
Amakhosi kanye nabefundisi
Umphakathi Wonke**

Nginyanibingelela egameni likahulumeni wesifundazwe nelikaNdunankulu uBaba uMacingwane ongakwazanga ukuphumelela namhlanje. Ubefisa kakhulu ukuba nathi namhlanje kodwa waxineka.

Ucelile ukuthi ngidlulise amagama okubonga kumphakathi wonke okwazile ukuzohlanganyela nathi ukugubha lolusuku okubaluleke kangaka i-Human-Rights Day.

uMongameli Wezwe uCyril Ramaphosa usemcimbini kazwelonke ose-Gauteng ezinkundleni zemidlalo yeCricket eGeorge Thabe e Sharpville.

Ngabe yini ngempela ibaluleke ngani i-Human Rights Day

Kuzokhumbuleka ukuthi umhlaka 21 March 1960, usuku lapho uHulumeni wobandlululo wadubula khona amakhulu ngamakhulu abantu ababekade bekhonondela ukuphathwa kwamapasi ngabantu abamnyama. Babulawa ezindaweni ezifana noSharpeville eGauteng nakwaLanga eCape Town.

Ngalolo suku kwabulawa abantu abangu-69 kwathi abangu-180 balimala ngesikhathi amaphoyisa edubula isixuku esinokuthula esasihlangene ngokuphikisana nemithetho yePasi. Namuhlake lolu suku luphawu lokuqinisekiswa kwamalungelo abantu ngaphansi kukaHulumeni wentandoyeningi esawuqalelwa nguTata uNelson Mandela.

Ngenkathi sikhululeka ngo1994, isifiso esikhulu esabekwa ngabantu bakithi kwabangukuthi kugadwe futhi kuhlonishwe amalungelo abo njengabantu abafanayo nabanye, ngokungakhethi bala, inkolo kanye nobulili. Loku kuvikelwa nokuvikeleka kwaqinisekiswa ngokoMthethosisekelo ngo-1996 ngenkathi izwe lonke ngokuholwa ngowayenguMongameli uTata uNelson Mandela laphasisa ukusebenza kweConstitution.

NgeHuman Rights Day sikwazi ukubala sibheke izinto ezibonakalayo nezibambekayo esezishintshile ezimpilweni zabantu ngenxa yokuba namalungelo kusukela ngo1994.

Umbuzo omkhulu uthi ngabe yini uhulumeni osuyenzile ukuvikela amalungelo enu?

Izibalo zakamuva ziyasikhombisa ukuthi isimo siba ngcono empilweni yeningi kusukela ngo1994.

- Izinga lokufunda selande kakhulu kusuka ePrimary kuya kumaNyuvesi
- AmaSocial Grant atholwa nyangazonke ngabantu abangu 5.9 million okufaka abantwana abangu 11.7 million kanye badala abangu 2.9 million.
- Ngonyaka ka2016 bebelinganiselwa ku-1 934 126 abantu ababephila neGciwane leNgculazi KwaZulu-Natali. Lesi sibalo sasikhombisa ukuthi bangamaphesenti angama-27 abantu abaphila negciwane lengculazi eNingizimu Afrika.
- Izinga labantu ababulawa yiNgculazi lehla ngamaphesenti angama-29 phakathi konyaka ka 2012 no 2016 ngenxa yokwenyuka ngezina eliphezulu labantu abaqala ukudla imishanguzo yokudodobalisa igciwane lengculazi (ARVs).
- Kodwa noma kunjalo iNingizimu Afrika isathathwa njengezwe elinezibalo eziphezulu kakhulu zabantu abahaqwe yigciwane lengculazi emhlabeni jikelele.
- Kuzokhumbuleka ukuthi ngo1994, babengu 12 million abantu ababengenamanzi. Kodwa iCensus yokugcina ka2011, yaveza ukuthi ngu91.2% imizi esithola amanzi eduze

Ingabe yikuphi esingakubheka emkhakheni wezezindlu

UHulumeni waKwaZulu Natal:

- Ukhiphe izindlu ezingu 114,803 kuleminyaka emihlanu eyedlule wazinika abantu abahola ngaphansi kuka R3 500.00 ngenyanga, asebedla impesheni, izingane ezingamakhanda emizi;
- Sikhiphe amaTitle Deeds angu 17,792, amaningi awo abalelwa ku 16, 227 amaTitle Deed, anikwe oMasipala bonke, kodwa azokhishwa anikwe abantu.
- Indlela uHulumeni wethu owenza kahle ngayo kwi Housing, sibashaya bonke emakhanda kuzwe lonke. Ngenxa yalesisizathu, size sigixabezwe ngemali eyengeziwe ngoba ithathwe kwamanye amaDepartment;
- Lemali iyasiza kakhulu ngoba uma sibheka kwezezindlu iKwaZulu Natal isalele emuva ngezindlu ezingu 740 000 kanti nezimali uma ubheka isabelo sikaMEC weFinance

uMama uBelinda Scott, kwehlisiwe isabelo esiya eMnyangweni weHuman Settlements kunyakamali ka2018/2019 no 2019/2020.

- Lokukwehla kwenzeka kuyoyonke iMiNyango ngenxa yesimo sezimali esintengantengayo kodwa, noma kunjalo siyaqhuba sibheke phambili.
- Ubuphofu behlile ebantwini bakithi, ngenxa yezidingo ezikhishwa nguHulumeni. Sebeyakwazi ukucosha imali yabantwana, imali yabakhubazekile, imali yoGogo noMkhulu njalo ngenyanga;

Ikakhulukazi iHuman Rights Day ibalulekile ngoba yona ifika ngesikhathi sihlanganisa iminyaka ewu 25 sathola inkululeko. Inkululeko ka-April 27 1994 ilethe ukuziqhenya kubantu bakithi, yabuyisa isithunzi eSouth Africa.

Sithe asilethe lomcimbi oPhongolo ukuze sinibonge ukuthi ngomhlaka 27 April, naphuma ngobuningi banu nayovota nivotela uhulumeni wentando yeningi.

Lolusuku lwabayingqayizivele ngoba emva kweminyaka eminingi abantu base South Africa becindezelwe, kodwa ekugcineni bavotela uhulumeni ozovikela futhi aqhakambise amalungelo abo.

Zihambeli zethu, siyazi ukuthi ngomhlaka 8 May, abantu basoPhongolo naKwaZulu-natal bazophinde futhi bathole ithuba lokuyovotela uhulumeni abawuthandayo.

Kodwa ngaphambi komhlaka 8 May, sizoba nendumezulu yemicimbi yokugubha inkululeko esayithola ngomhlaka 27 April. Ngalolusuku umhlaka 27 April siyagqugquzela wonke umphakathi ukuthi uhloniphe wonke amaqhawe esizwe adela konke anakho alwelwa lenkululeko esikhona njengamanje.

Elinye lalamaQhawe nguBaba wethu oyayenguMongameli wenhlangano ebusayo uNelson Mandela. uMadiba wagqunywa ejele iminyaka engu 27 ngoba elwela ukuthi sonke sibe namalungelo ethu esikhuluma ngawo namhlanje.

Wadela impilo yakhe ukuze mina nawe sikwazi ukukhetha uhulumeni wethu ozokwazi ukuthi usilalele ngaso sonke isikhathi.

Mphathi wohlelo, singuhulumeni okhethwe ngabantu siyaqonda ukuthi ukuze sivikele amalungelo abantu fanele sisondelana nomphakathi. Yingakho size oPhongolo.

Umyalezo wethu uthi, singuhulumeni sigqugquzela ukubambisana kobuholi emazingeni ahlukahlukene.

Ngesikhathi sithatha izintambo sazibophezela sonke ukuthi sizosebenza ngokuzikhandla, sisebenzela umphakathi wakulesisifundazwe ngokungachemi.

Ukuzibophezela nokuzimisela kweKhabhinethi kwacaca bha ngesikhathi sizijuba sithi sizoba yizithunywa ezizoletha intuthuko kuwo wonke amagumbi akulesisifundazwe ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe.

Naye uNdunankulu Wesifundazwe uBaba uMacingwane uyisithunywa sikaSukuma Sakhe oThukela. Mina ngithunywe laphaya eMkhanyakude.

Njengoba sigubha lolusuku lwamalungelo abantu (Human Rights Day) sithi singuhulumeni wesifundazwe, bonke oNgqongoshe bazoqhubeka bahambele omasipala abahlukahlukene ukuze kugququzele umphakathi ukuba uSukume Wakhe ngokusebenzisana nohulumeni.

Umunye umyalezo wethu uthi fanele sibambane, silwe nobubha silethe intuthuko ezindaweni zethu. Fanele sibonele kuMongameli uMadiba owayekubeka phambili ukusebenzisana kobuholi.

Sifisa ukwenza isibophezelo sokuthi sizokwenza konke okusemandleni ethu ukusheshisa izinhlelo zentuthuko ngoba siyazi ukuthi ayikafinyelelo yonke indawo.

Sizoqiniseka ukuthi ngaso sonke kuba khona ukuzimisela kwezinhloko zeminyango, abasebenzi bonke - kuwo wonke amazanga. Siqhakambisa ukusebenzisana phakathi komasipala kanye nayo yonke iminyango kahulumeni ukuze izinhlelo zikahulumeni zisheshe zifike kubantu.

Ngibala izinhlelo zikagesi, izinhlelo zokuletha amanzi, izinhlelo zokufudula umnotho – ukulwa nezifo, ukulwa nobugebengu kanye nezinhlelo zokusiza labo ababuthakathaka. Singabala oGogo, omkhulu, yilabo abakhubazekile, izintandane, abafelokazi kanye nemindeni ekhahlanyezwa yisifo esingumashaya abhuqe ingculazi.

Siyaziqiniseka namhlanje ukuthi ngaso sonke isikhathi sizozama amasu amasha ukuze kube noshintsho ezimpilweni zabantu.

Ukuze siyinqobe impi yobubha kanye neyokugqoza kwentuthuko sizimisele ukuqinisekisa ukuthi bonke oNgqongoshe kanye nazo zonke izisebenzi zikahulumeni ngaso sonke isikhathi zizoba yingxene yemihlangano ehlala kuma War Rooms – kanye nemihlangano yama Ward Committees.

Ukusebenzisana kuqinisa intando yeningi

Mphathi Wohlelo, ngifisa ukugcizelela ukuthi ukusimama kwentando yeniningi kuncike kakhulu ekutheni bukhona yini ubudlelwana phakathi kwezikhungo ezehlukahlukene zobuholi.

Njengoba kuzoba nokhetho ngomhlaka 8 May, sithi khethani iqembu enaziyo ukuthi linabaholi abazosebenzisana nani njengomphakathi.

Anginakho ukungabaza ukuthi uma nisebenzise amalungelo enu nakhetha kahle emva kuka 8 May nizoba nabaholi abazosebenza kanzima ukuheha abatshali bezimali. Lokhu kuyokwenza ukuthi kuvuleke amathuba emisebenzi.

Asisebenzisane ukuthuthukisa ezomnotho

Singuhulumeni wesiFundazwe siyagcizelela ukuthi amalungelo abantu ayovikeleka uma sisebenza kanzima ukufukula umnotho. Sizozinisekisa ukuthi yonke iminyango kahulumeni iyasebenzisana nomasipala ukufukula ezomnotho.

Kuleminyaka edlule unguhulumeni wesifundazwe ubugqugquzela ukusungulwa kwemifelandawonye phecelezi ama Co-Operatives. Kuningi esikufundile engithemba ukuthi kuzosisiza ukuqinisekisa ukuphumelela kwama Co Operatives.

Esizokubeka phambili ukusabalalisa izinhlelo zokuqeqesha amalunga ama Co-operatives nokuhlanganisa ama SMMEs.

Sizogxila ekuqeqesheni amabhizinisi asakhula asingathwe ngomama kanye nentsha emikhakheni ehluahlukene njengemabhizinisi, amaciko, ezolimo okuhlanganisa amapulangwe i-Timber. Lokhu sikwenza ngaphansi kohlelo I-Operation Vula ne Radical Economic Transformation.

Lezizinhlelo zizoba nomphumela omuhle ikakhulukazi ukunciphisa isibalo sabantu abangasebenzi nokuthi sikwazi ukufukula imindeni ehlwempu.

Izinhlelo ze Social Cohesion ne Moral Regeneration

Mphathi wohlelo, uhulumeni wesifundazwe wathatha isinqumo sokuthi ihhovisi likaNdunankulu lisebenzisane nehhovisi lika Ngqongqoshe uNomsa Dube-Ncube kanye no Ngqonqoshe u Bongi Sithole-Moloi ukuletha izinhlelo zokgqugquzela isimilo kanye nobumbano i-Social Cohesion kanye Moral Regeneration.

Kubalulekile ukuthi sikhumbule ukuthi ngenyanga ka July 2016 saba neNdumezulu yimcimbi e Moses Mabhida Stadium lapho sasigubha khona iminyaka engu 200 yokubunjwa kwesiZwe samaZulu. Lomcimbi owaba ngundabuzekwayo wahanjelwa ngu-Mongameli wezwe kanye nezinye izicukuthwane ezivela emazweni ahluahlukene okuhlanganisa namaKhosi amela izizwe ezehlakahlukene emazweni aseAfrika.

Kulomgubho iSilo samaBandla sagcizelela ukubaluleka kwezinhlelo zeSocial Cohesion ne Moral Regeneration. Yingakho ngaphambi kokuphela konyaka owedlule ssethula khona isigungu i-Social Cohesion Council. Kulomcimbi ngangimele uNdunankulu. Ngiyafisa ukugcizelela ukuthi Amakhosi aneqhaza elikhulu okufanelele alibambe kuzo zonke izinhlelo ze Social Cohesion Council.

Unelungelo lokusebenzisa ulimi lwakho

Mphathi wohlelo, ezinye zezinto ezikhulunywa kakhulu ngale Human Rights Day zigxile kakhulu ekusebenzisweni kwezilimi zethu bantu abamnyama. Ikakhulukazi isiZulu. Ngokukahulumeni kazwelonke zonke izifundazwe ziyalelwe ukuthi zigqogquzele iminyango kahulumeni ukuthi ikuhambise phambili ukusetshenziswa kwezilimi zomdabu. Unelungelo lokuthi uma ufuna usizo emnyangweni kahulumeni bakhulume nawe ngolimi lwakho.

Sinamalungelo okwenza amasiko ethu

Ngaphansi kwe Social Cohesion Council sizibophezele ukusebenzisana namkhosi ukwenza imicimbi evuselela amasiko ethu. Ngiyaye ngigcizelele ukuthi esinye sezikhali ezinkulu ezasetshenziswa yilabo ababesicindizele kwaba ukuba bashabalalise lokho okwakungamagugu futhi kuyisisekelo sethu.

Labo ababesicindezele babengezona izilima, babeqonda kahle ukuthi uma singaba nolwazi oluphelele ngemvelaphi yethu kanye nezigigaba zobuqhawe eziqukethwe ngumlando wethu, ngeke bakwazi ukusiphatha.

Kuyinto eyaziwayo ukuthi uma ufuna ukudicilela phansi isizwe, ezinye zezinto okufanele uzenze ukuthi uhlasele lokho okungamagugu aso nalokho okwenza ukuthi siziqhenye ukudicilele phansi ukwenze njengento eyize leze.

Yingakho nje singuhulumeni sithi fanele sisebenzisane namakhosi ukuqhakambisa umlando wethu njengengxenye yomkhakhaso wokubuyisa ukuziqhenya ngobuthina. Fanele singawakhohlwa amasiko ethu futhi siwasebenzise ngoba yiwona ayenza ubumbano kanye nokwazisana njengesizwe. Amasiko ethu okuyiwona adicilelwa phansi ngabacindezeli ayeqhakambisa inhlonipho kanye nesimilo.

Imikhosi yakudala yobabamkhulu fanele siyivuselele futhi ingaselekelela ukulwa nesihlava sokulahleka kwezimilo kanye nokuncipha kwenhlonipho.

Akuhlonishwe izinkolo namasiko ngokulinganayo kungabi khona isiko noma inkolo ebekwa njengengcono kunezinye. Ukwenza lokhu kuyingxenye yokuthobela umthetho.

Amakhosi nohulumeni kuliwa nobugebengu

Sengiphetha, ngesikhathi kuvulwa isishayamthetho ISilo sikhulume kabanzi ngesimo sezokuphepha kanye nozinzo emphakathini. Siyacela maKhosi aseNdlunkulu ukuthi sisebenzisane ukuze silwe nalesisihlava sobugebengu esingeni.

Siyasihlonipha iSilo SamaBandla yingakho sifisa ukusebenzisana namakhosi ukuvikela amalungelo abantu. Sizozhubeka nezinhlelo zokulwa nobugebengu emphakathini futhi siyazi ukuthi abaholi bezendabuko bungadlala indima enkulu ukwakha isizwe esihlonipha umthetho.

Asilwe nokugwazana, ukucekelwa phansi kwempahla siphinde silwe nokudayiswa kwezidakamizwa. Asiqede ukuthengiswa kwempahla etshontshiwe siphinde sigqugquzele ukusebenzisana namaphoyisa. Izigebengu eziningi zihlala emphakathini yingakho kufanele singathuli kodwa sisebenzisane namaphoyisa. Lokhu kuyobe ukuvikela amalungelo ethu sonke.

Happy Human Rights Day: Ngiyabonga